Story of Nondabula [Pb] Nzimande. K13/21 1/2

s436 (31) ~~AM/3~~/21 K13/21 F. Vilakazi

1. AmaNzimande Mngco6o.

Kuthena uku6a afe uDingana kwa6a ukuthola ithu6alama Nzimande lokuwela. uNonda6ula waye yinduna ka Dingana yase sigohlweni. Kuthena uku6a a6one uNonda6ula ukuthi uDingane usefile. Futhi uMpande uzakumu6ulala njengo6a naku wayeyinduna yase segohlweni kaDingana. Sekuthi nomfowa6o esefuna ukuhamba naye umfowa6o omkhulu njengo6a izimpi zase zihluphile kwaZulu. Kuthena ngelinye ilanga uMpande efuna ukupha yona impi. Kwamu sukwana uNonda6ula emuka naye umuzi womfowa6o. Yena uNonda6ula waye ngazalanga. 6awela ngelingendla izi6uko oTugela 6ahamba u6usuku 6onke. Uthena e6afuna uMpande aka6athola. Okwenza uku6a 6awele ngelingenhla izi6uko yingo6a 6aningi a6antu a6a6e6a

2. leka kwaZulu. Manjena yase imisa a6antu inkosi ukuvimba emazi6ukweni angenzansi. Kuthena uma6e welalina izulu ngalelo langa. Kwathi izingane ezincane ezimbili zafele endleleni. Kuthena umase6e sezifile nezingane yezwa kali impi yakwa Zulu ifuna uNoda6ula. Yase ihlangane nezingane izifileyo yase iphuthuma phambili. Kuthena uma isidlule 6ase 6engena eweni lase Qudeni. Kuthena noma isphinda emuva 6ayizwa kwazisa ukuthi kwakuse6usuku ayakwazi uku6a 6ona. Kwazisa ukuthi uMpande wa6afuna ukumu 6ulala impela uNoda6ula. A6akwa Nzimande a6ahamba 6odwa 6a6e na6anye 6akwa Ndawonde. Kwathi nasendleleni 6atholana na6anye 6akwa Nxele. Kwazisa ukuthi uNonda6ula wayaziwa 6onke 6afuna ukumenza inkosi ya6o.

3. Se6ehamba nayeke uNonda6ula kuthena uma 6awele iQhofane (Mooi river) 6afumanisa a6akwa Dlamini na6anye 6akwa Dladla. 6athena uku6a 6ona la6a 6akwa Dlamini 6ase 6ayakhukhula 6a6aleka. Sekuthi ngaphesheya kwempofana otulini se6akha. uNonda6ula waye na6anye 6akwa Zulu ngesi6ongo, njengo6a nanamhlanjena ngaphesheya kwe Moi river unga6afumanisa a6akwa Zulu lapho. Kuthena 6esahlezi wa6ezwa uPhakade. Phoke khona kwaZulu waye mazi uPhakade uNonda6ula. Usemuthumelela isigijimi ukuthi nakulapha naye esekhona. Uthena ukuzwa loku uNonda6ula ~~yx~~ waye sehamba eyokhonza

MEM /ku Phakade...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

2*

s436 K13/21

ku Phakade. uPhakade yena wafikela eduze no Tugela. Kwase kuthi kanti uPhakade u6eloku ehlezi ngovalo waqina naye manjena.

4. Useqalake ukuhlasela naye uPhakade. Kwathi a6akwa Mbele amaLala ayenga phesheya kwe Moi river umuzi ka Ngotshana wawu hlasela uPhakade. Uthena uma ewuhlasela waqala ngoku thumela umuntu ukuyo6ona ukuthi ukhona yini uNgotshana. Kwathunywe umfoka Ndawonde. Ne6ala wamufumana uNgotshana. Uthena ethuka umuzi wakhe wase ukakwe yimpi aka6e esakwazi uku6aleka manjena. 6amu6ulala 6atha ikhanda lakhe 6alisa enkosini uPhakade. Wayese6ona uPhakade ukuthi naye useyinkosi. Useqamba uNonda6ula ukuthi uMemi ngo6a wami wezela a6antu a6aningi wamuthalela a6anye endleleni. A6akwa Nzimande 6adumile impela kwelase Macunwini. Iyonake inzalo ka Nonda6ula. Ngaphesheya kwe Moi river.

5. Usekhona uShalimbena oyena emukhulu kwa6akwa Nzimande. Iningi la6o selawelela nganeno nga6a izwe ngaphesheya kwe Moi river selathathwa a6amhlophe sekuse maphulazini. A6aningi unga6afumana esifundeni sakwa Dumakude nase Madulaneni. Induna yase Madulaneni uSotshangane ka Nzimande okwenza a6anye 6aye emadulaneni Kuthena futhi ngempi yezi Ndela nama thela mali. Kwase kuvela ukwehlukana phakathi. A6anye 6a6a yizindela a6anye 6a6a ama thelamali. Yengako namhlanjena 6egcwele lonke lase Macunwini. Esifundeni sakwa Dumakude wu Luthanga oyena esemukhulu noma kungeyena owase ndlukulu kodwa uyazazi zonke izinda6a zoyise.

6. Kuzozonke izifunda zase Macunwini asikho esilingana nesakwa Dumakude. Yisona sisi khulu impela induna yaso uNgcanyile Dladla. Noma kuliwa asikho esengalwa naso. Se6uye silwe sodwa njena lesisifunda njengo 6ukhulu6aso. Esithi asilingane naso esaso Phathe. Igoso lempilalesi sakwa Dumakude uVelaphi Dladla. Igoso lendlamu uMasikhakhane Dladla. Na6a seMacunwini a6a6a sukele a6akwa Dumakude njengo6a 6ayazi ukuthi sakhiwe a6akwa Mzimase amashinga. Unhle6o Nzimase omunye wawo amashinga namaqawe akwa Nzimase kwesaka Dumakude. Kuthi eMadulaneni uMxapho Nzimase. La6a 6akwa Nzimase 6a6izwa ngokuthi a6akwa Dumakude. Nesifunda sakwa Dumakude saqanjwa nga6o ngo6a cishe sakhiwe yi6o6odwa.

END S.436

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.